

Brambles

INqubomgomo Yabahlinzekingezinsiza

Brambles Limited

Ibukeziwe: 1 kuMasingana 2020

Uhlelo 2.0

INQUBOMGOMO YABAHLINZEKINGEZINSIZA

Abakwa-Brambles bazibophezele ekubeni ngophathina abalungile nababalulekile kuleli ketango lokuhlinzekwa ngezidingo, siqhubeke nokwakha ibhizinisi elizinzile elisebenzela amakhasimende alo, abasebenzi nabanikazimasheya kanjalo nemiphakathi abahlala kuyona.

Ukuba neqoqo labahlinzeki abanamandla abazimisele kuyinto ebucayi kwa-Brambles ukuze sibe nempumelelo yesikhathi eside. Abakwa-Brambles bathembele olwazini nasemakhonweni abahlinzeki ukuze bahlangabezane nezidingo zamakhasimende ezishintshashintshayo, futhi basebenza kuphela nabahlinzeki abathobela yonke imithetho esebenzayo, kubandakanya yonke imithetho efanele yezabasebenzi, eyokuqasha, eyendawo nemvelo, eyamalungelo abantu, amaholo namahora, nemithetho yezempilo nezokuphepha.

Abakwa-Brambles bazibophezele ekufinyeleleni Ekuqedweni nya Kokulimala. Lokhu kuchaza ukuthi sisebenzela ukuba kungabikhona nesisodwa isehlakalo sokulimala, kungabikhona nhlobo ukonakala kwemvelo kanye nokungabikhona nhlobo komthelela omubi kumalungelo abantu. Lesi sibopho sibekwe ngokucacile kusoMqulu wethu Wokuqedwa Nya Kwezehlakalo Zokulimala. Njengakubasebenzi bethu khona, silindele abahlinzeki ngezinsizakalo ukuba basebenze ngokuphepha futhi bahloniphe imvelo nabalungelo abantu.

Abakwa-Brambles bazibophezele ekusebenzeni nabahlinzeki ngezinsizakalo ukuze basungule imithombo yezinsizakalo esebenza ngempumelelo, ephephile futhi enokuzinza ngokuba silandele izimiso nokubaluleka okucaciswe kuyo Imigomo Yokuziphatha Okuhle kaney nosoMqulu we-Zero Harm nokusetshenziswa ngezinqubomgomo zamabhizinisi asendaweni, lapha sibala:

- Wonke umsebenzi kufanele uqhutshwe ngokuhambisana nemithetho nezimiso zezwe ibhizinisi eliqhutshwa kulona;
- Silindele ukuthi abahlinzeki ngezinsizakalo bethu bancintisane ngobulungiswa ezimakethe abasebenza kuzona;
- Silindele ukuthi abahlinzeki ngezinsizakalo bethu balandele izimiso ezibekwe ngokucacile kuNqubomgomo yethu Elwa Nomkhuba Wokugwaza. Izinqubo zenkohlakalo azemukelekile. Akukho kugwaza noma izinkokhelo ezinjengalezo ezizokwenziwa, noma zamukelwe, kunoma yiluphi uhlangothi. Phezu kwalokho, abahlinzeki ngezinsizakalo akufanele banikeze izipho ezingaphezu kwenani elifanelekile kunoma yimuphi umsebezi wakwa-Brambles. Akukho basebenzi bakwa-Brambles abazokwamukela izipho ezingaphezu kwenani elifanele, futhi akukho zipho noma ukutatanyiswa okuzokwamukelwa lapho sekusondele isikhathi sezingxoxiswano zamathenda;
- Abahlinzeki bethu ngezinsizakalo kufanele bakuvume ukuthi izinsizakusebenza zakwa-Brambles (amaphalethi, ama-RPCS neziqokathi) kungokwabakwa-Brambles ngaso sonke isikhathi. Ngaphandle uma kubhalwe phansi ngokucacile, asizidayisi izinsizakusebenza zethu futhi sinelungelo lokulanda izinsizakusebenza zethu.
- Amagama nezenzo zabahlinzeki ngezinsizakalo kufanele kubonakalise inhlonipho yohlobo olwahlukahlukene lwabantu kanye namasiko abantu esisebenza nabo kanye namalungelo abo njengabantu.
- Silindele ukuthi abahlinzeki ngezinsizakalo bethu bakhe futhi bagcine usikompilo lokwahlukahluka kwabantu kanye nokubandakanywa;
- Silindele ukuthi abahlinzeki bethu ngezinsizakalo baphile ngezimiso ezibekwe ngokucacile

esitatimendeni samalungelo abantu kuyo Imigomo Yokuziphatha Okuhle kanye nakuyo INqubomgomo yethu Yamalungelo Abantu. Kufanele balandele izimfuno ezifanayo zeminyaka yobudala yokusebenza enqunyiwe futhi baqikelele ukuthi zonke izinhlobo zokusebenza ngempopo azivunyelwe emabhizinisini abo kanjalo nalawo abahlinzeki ngezimpahla abasebenzisana nabo. ;

- Njengoba kufanele sisebenze ngokuphepha futhi sisebenzise izinqubo zemboni zokuphepha ngokwezempilo, ezokuvikeleka nenhlalakahle, kanjalo nabahlinzeki ngezinsizakalo bethu.
- Silindele ukuthi abahlinzeki bethu ngezinsizakalo bazolandela lezi zimiso ezibalulwe kuso isibophu sethu se-Zero Harm.
- Lokhu kuyisidingo esincane okufanele bonke abahlinzeki ngezinsizakalo basigcwalise kuyo yonke imithetho efanele yezemvelo nezimiso;
- Abahlinzeki bethu ngezinsizakalo kufanele bafune ukunciphisa umthelela wabo emvelweni, ngaleyo ndlela basize abakwa-Brambles banciphise imithelela emibi yamakhasimende abo kwezemvelo;
- Silindele ukuthi abahlinzeki bethu babe nendlela yokwenza izinto ebona izimo ngaphambi kokuba kube nezinkinga uma besebenza ngokunganyelwa kwezinto eziyizingcuphe futhi babhekelele izinsizakalo zezemvelo ngobuqotho; futhi
- Sidinga ukuthi abahlinzeki bethu ngezinsizakalo ezimbonini ezinomthelela omkhulu kwezemvelo bahlinzeke ngobufakazi ezinhlelweni zabo mayelana nokuqinisekiswa kokuphathwa kwemvelo kahle.

Abakwa-Brambles bazoqikelela lokhu:

- ukuba nobulungiswa nokwethembeka kuyo yonke imisebenzi yabo nabahlinzeki ngezinsizakalo nabangaphansi kwezinkontileka futhi benze izinkokhelo njengokusho kwemigomo okuvunyelwene ngayo;
- ukusebenzisa izinqubo ezicacile nezingafihli lutho uma kuthengwa izimpahla nezinsizakalo;
- ukuhlinzeka ngendawo ekhuthaza negqugquzela ukwabelana ngolwazi nemibono phakathi kwabakwa-Brambles nabahlinzeki babo ngezinsizakalo;
- ukuthuthukiswa nokubikela umphakathi ngemininingo ecacisa:
 - ukuziphatha kwethu nokusebenza kwethu njengomthengi wezimpahla nezinsizakalo; kanye
 - ukusebenza emphakathini nasemvelweni kwabahlinzeki ngezinsizakalo bethu.
- ukukhetha abahlinzeki ngezinsizakalo abakhombisa ukuzibophezela kwabo ekusebenzeni ngendlela ezinzile; kanye
- ukuthuthukiswa nokusetshenziswa kwezikalali zokuhlola ukusebenza kwabahlinzeki ngezinsizakusebenza okuphusile kanye nalabo abasebenza ezindaweni noma emisebenzini ethathwa ngabakwa-Brambles njengesengcupheni enkulu. Abakwa-Brambles balindele ukuthi abahlinzeki babo ngezinsizakusebenza benze konke ngokusobala lapho behlola njalonzalo ukusebenza kwabo.

Ibhizinisi lakwa-Brambles lizothuthuka bese liqalisa ukusebenza kwezinhlaka zokubika ezingasetshenziswa futhi zinganyelwe kulo lonke iQembu ezingeni lokusebenza kubandakanya nezinkomba zokusebenza okusemqoka. Phezu kwalokho, amabhizinisi akwa-Brambles angaba

nezinqubomgomo ezithile zokuthengwa kwempahla abahlinzeki ngezinsizakalo okungadingeka bazilandele (isib lumber).

Abahlinzeki ngezinsizakalo nabaqashi kufanele babike noma yimiphi imibuzo noma ukukhathazeka. Uma unokuthandabuza, cela usizo kumenenja yakho nanoma yiliphi ilungu leThimba Lezomthetho.

Isibopho sokuqaliswa kokusebenza kwale nqubomgomo nokubukezwa sisezandleni zethimba Lobuholi Obuphezulu bakwa-Brambles.

Le nqubomgomo izobukezwa njalonjalo. Ukubukezwa kokuqala kuzokwenzeka ezinyangeni eziyi-12 emva kokuqaliswa kokusebenza ngokokuqala, bese kuba njalo emva kweminyaka emibili.